

# UMYALEZO OVELA

# KUNGQONGQOSHE WEZESAYENSI NOBUCHWEPHESHE

Izinyathelo ezinqala ezithulwe kuSabelomali Sikazwelonke zisekela uhambo olisha lokufukula nokuvuselela umnotho wethu. Kuqinisekisa isimo sethu sezomnotho, zivikele isimo sezwe kwezokutshalwa kwezimali futhi kwakhele ethembeni ezweni lethuy. Isimo sethu sezomnotho singcono kunezinselele zethu ezixazululwa ngokusebenzisa

Izinqubomgomo nezinhlelo ezikhethekile

Mayelana nalokhu, ngisibona ngokugcwele isidingo sokuthi iNingizimu Afrika itshale imali eyanele kuhlelo lukazwelonke lwezomkhathi, njengoba yonke iminyango, ngaphandle kokushiya eminye ngaphandle kuwo wonke amazinga kusukela emazingeni kazwelonke kuze kube emazingeni kamasipala, adinga ulwazi lwe-geospatial ukuhlela kanye nezinhloso zokwenza izinqumo. Ngaphezu kwalokho, amazinga okuphila aphakeme abangelwa ukuthola nokusebenzisa ubuchwepheshe bezomkhathi, njengoba isekela ukufinyelela okusheshayo kulwazi nezinhlelo zokusebenza, njengezinsizakalo zokufuna indawo (i-GPS), ukuxhumana okusheshayo emhlabeni wonke, nokukwazi ukurekhoda izithombe zemvelo yethu.

Izinqubomgomo ezibalulekile zikahulumeni wuHlelo Lwamaphzu Aziyisishiyagalolunye, kanye neZinselelo Ezintathu Zobumpofu, Ukungalingani Nokuswelakala Kwamathuba Emisebenzi. Lezi zinqubomgomo zenzelwe ukunxephezela imiphakathi eyayincishwe amathuba yaseNingizimu Afrika ukuze ikhule ngokomnotho kanye nangezenhlalakahle. Ikakhulukazi, i-NDP iveza isidingo sokuba isibonisi sikazwelonke sokuhlanganiswa kwedatha yendawo kanye nokuhlaziya okusekela izinqubomgomo zendawo. Ngaphezu kwalokho, kufanele kuqashelwe ukuthi okungenani ama-40% okubika ngeZinhloso Zokuthuthukiswa Okuqhubekayo (ama-SDG) adinga imikhiqizo kanye nezinsizakalo ze-geospatial, nokuthi ukuguquka kwesimo sezulu esibalulekile okungu-70% esetshenziselwa ukuhlola isimo sezulu sethu sidinga idatha ye-satellite. Ukwengeza, izinhlelo zomkhathi zingama--50% ezokuphepha kwemisebenzi yokuphila kanti le nambolo iyakhula, njengoba kuthuthukiswa ubuchwepheshe obusha. Lokhu kugcizelela ukubaluleka kukazwelonke kwedatha yendawo kanye nesidingo semikhiqizo nezinsizakalo zomkhathi ekubhekaneni nezinselelo zethu zenhlalo nezomnotho

INhlangano Kazwelonke Yezomkhathi YaseNingizimu Afrika (i-SANSA), ngokubambisana nembonini jikelele, isebenzela

ukuhlinzeka idatha ebalulekile ye-satellite kanye nezinhlelo kuMinyango kaHulumeni kanye nezikhungo zayo ezizosetshenziselwa ekuhlosweni kwezidingo zabo ezifana nokufeza izidingo zezindlu, ukuqapha ukusetshenziswa komhlaba, ukuphathwa kwemithombo yemvelo kanye nokuqinisekisa ukuphepha kwezakhamuzi zethu. Ngenxa yale mizamo, ngo-2018 eNingizimu Afrika, njengezwe eliphambili lase-Afrika, elikeliswe kuma-30 kumazwe akhethiwe angu-50 ngokwengqalasizinda yedatha; kuma-32nd ngokwamandla esikhungo futhi kuma-36 ngokuguqula indawo okusetshenzelwa kuyo. Kuqagulwa ukuba ukufunwa kwedatha yendawo eNingizimu Afrika kuzokwanda njengoba abasebenzisi abaningi emkhakheni womphakathi baqala ukudidiyela izixazululo zendawo njengethuluzi elibalulekile lokuletha izinsiza. UMnyango wami usebenza ngokubambisna ne-SANSA kanye neminye iminyango kahulumeni ukukhuphula imizamo yokuhlangabezana nesidingo esikhulayo semikhiqizo nezinsizakalo zezinhlelo zomkhathi kuyo yonke imikhakha yokusetshenziswa komkhathi, njengokukubhekwa komhlaba, ukuhamba nokumisa, ezokuxhumana ze-satellite, ubunjiniyela be-satellite kanye nesayensi yezomkhathi. Phezu kwalokhu, ukusebenzisana kwamazwe ngamazwe kuye kwasungulwa futhi kwenziwa imizamo yokwandisa umkhiqizo nezinsizakalo zeethu ezwenikazi lase-Afrika.

Ngifisa ukubonga ubuholi beBhodi le-SANSA ekuholeni Inhlangano ngesikhathi sokusebenza kwayo futhi ngibonga umzamo owenziwe ngabaphathi nabasebenzi e-SANSA ekufezeni imisebenzi yabo. Lokhu kuye kwaholela ekufezweni okunga-85% ezinhloso kanye nocwaningomabhuku olungenagcobho. Ngakho-ke, ngiyajabula ukwethula umbiko wonyaka we-SANSA.

_______________________________

**Nkk. M T Kubayi-Ngubane**

UNgqongqoshe Wezesayensi Nezobuchwepheshe



Ezweni kuHulumeni Kazwelonke okuholele ekutheni kube noNgqongqoshe Wezesayensi Nobuchwepheshe omusha, uNkz. Mamoloko KubayiNgubane.

Ngikulindele ngabomvu ukusebenza noNgqongqoshe u-Kubayi- Ngubane futhi ngifisa ukubonga uNgqongqoshe uPandor oye waba usizo ekuqondiseni nasekusekeleni i-SANSA kusukela ekuqaleni kobulungu bami eBhodini ngo-2011 futhi njengengxenye yeBhodi ye-SANSA yokuqala. Njengoba lesi yisikhathi sami sokugcina eBhodini Ngifisa ukubonga amalungu ami eBhodi namalungu angaphambilini eBhodi ngokufaka kwabo isandla nokuzinikezela ekusebenzeni kwe-SANSA futhi ngifisela amalungu eBhodi amasha impumelelo ekuholeni lesi sikhungo esiyingqayizivele.



# Umyalezo ovela kuSihlalo Webhodi

eziningi

Ngiye ngaba nenhlanhla yokubona izimpumelelo eziningi zokuqala ze-SANSA, njengokusungulwa kweSikhungo Sesifunda Sokuxwayisa Ngesimo Sezulu Somkhathi, ukuthengwa nokusatshalaliswa kwedatha ye-satellite ngokusebenzisa ilayisensi esetshenziswa yizo zonke izikhungo zikahulumeni.

Lolu lwazi manje seludidiyelwe ekuhleleni eminyangweni kazwelonke iminingi kanye nezinhlangano zikahulumeni futhi lunomthelela kuzinqubomgomo kanye nasekuthatheni izinqumo njengoba kwakuhlose ukuthi yenze njalo. Ukusekelwa kwezinhlelo zomkhathi zendawo kanye nezomhlaba kanye nokwethulwa kwe-satellite kuye kwakhula kakhulu njengoba le ndawo yomkhakha womkhathi womhlaba ibe nokukhula ngokuvela kwabadlalindima abaningana abangena emakethe. Kuyakhuthaza ukubona umthelela wemisebenzi yethu yokufukula imiphakathi ebe nawo entsheni ebona ukubaluleka namathuba angalethwa imboni yezomkhathi emphakathini

Indawo eyodwa ethinteke kakhulu ngaphakathi ku-SANSA bekuyizinselelo zokuthola imali edingekayo ukuqedela ukuthuthukiswa kwe-EO-Sat1. Lokhu akukuhle njengoba umthelela wohlelo wokuthulwa okuyimpumelelo kokubuka nge-satellite kuyobaluleka ekuqaleni imboni yobunjiniyela yomkhathi, ukuthuthukisa amakhono amancane futhi adingekayo, ukuchaza izwe njengokungabanjiswana nalo elinamandla nolwazi lwezinhlelo zomkhathi kanye nokufaka isandla ekukhuleni komnotho. I-SANSA isenethemba lolu hlelo luzophumelela ngosekusekelwa yi-DST kanye neMinyango ehlobene nayo.

Ngifisa ukuvuma ukubamba iqhaza ekuthuthukiseni ulwazi, ukudala amathuba emisebenzi, ukuthuthukiswa kwamakhono nokuziqhenya kukazwelonke okwenziwe ngaBaphathi kanye nabasebenzi beNhlangano futhi ngibonga ukuzinikezela kwabo okuqhubekayo naphezu kwezimo zokuswelakala kwezimali. Sengathi ithimba le-SANSA lingaqhubeka ukubonisa ukufuna ukwazi, ukuqwashisa, uthando kanye nokuqina okudingekayo ukufeza igunya le-SANSA.

Okokugcina, ngifisa sengathi abasebenzi beNhlangano kanye nobuholi baqhubekele phambili futhi bazimisele ukufeza injongo ye-SANSA yokuthinta impilo yazo zonke izakhamizi zezwe lethu kanye nezwekazi. Naphezu kwezinselelo. Izinto eziningi ziphumelela ngokuzama.



**Nkz. Joy-Marie Lawrence**
Usihlalo Webhodi

# AMAZWI OMPHATHI OMKHULU NGAMAFUPHI

A Lona ngunyaka wokuqala wobuholi bami e-SANSA. Ngiyacabanga ngomthelelela walesi sipiliyoni kumina kanye nakuSikhungo. Kwaziwa kahle kamhlophe ukuthi umnotho wethu ungaphansi kwengcindezi futhi kuzothatha isikhathi ukukhulisa amazinga okukhula abe lapho adingeka khona. Ngenxa yalokho iSikhungo sibhekane nezinselele amabhizinisi amaningi ahlangabezana nazo uma kushoda izimali futhi kunezidingo eziphezulu.

Kunyaka wezimali odlule i-SANSA yaqala ukubuyekeza ukuthi ibheke kuphi ukuhlonza imihlomulo inhlangano kazwelonke okumel ibe nakho nokungenzeka ngokubheka isinsiza kanye noxhaso lwemali okutholakalayo.

Uhlaka olusha olubalulekile lwathuthukiswa ukuchaza umbono nempokophelelo entsha ye-SANSA.

Ukuswelakala kwezimali kuphinde kwaba nomthelela kuSikhungo vele esingaphansi kwengcindezi yokufeza igunya layo elibalulekile futhi kwaholela ekuguqulweni kwezinhloso ngokuhamba konyaka. Yize lesi kungesona isimo esihle ukuthi Isikhungo sibe kuso, izinselelo ziphinde zaletha amathuba futhi zakhuthaza izinguquko ukuthi sisungule izinto ezintsha futhi sibheke nokubambisana.



Ngibonga uMnyango Wezesayensi Nezobuchwepheshe ngokuqhubeka nokusisekela nokusisiza emizamweni yethu yokuthola izindlela zoxhaso lwezimali ukuqinisekisa ukuthi i-SANSA ihlala njalo isimeme ukuze kuhlomule zonke izakhamizi. Ngifisa ukubonga uNgqongqoshe uNaledi Pandor ngothando lwakhe kanye nokuzinikela ekubalulekeni kwesayensi nobuchwepheshe bezwe futhi ngamukela uNgqongqoshe uMamoloko Kubayi-Ngubane njengenhloko entsha ye-DST. Ngilindele ukuqhubeka nobuhlobo obuhlomulisa izinhlangothi zombili obukhona phakathi kwethu noMnyango ngaphansi kobuholi bakhe.

Kuyangijabulisa kakhulu ukuveza ezinye zezimpumelelo ezifezwe yi-SANSA kulo nyaka odlule. I-SANSA ifinyelele ku-85% ezinhloso obekuvunyekwane ngazo zonyaka wezimali ka-2017/18.

Enye yezinto ezivelele kulo nyaka kwaba ngumthelela wosekelo oluhlinzekwe yi-SANSA kubafundi abangaphezu kuka-75. Kube khona nokunyuka okukhulu kwenani labafundi abathole ulwazi ngenxa yemikhankaso yokuqwashisa ngolwazi lwezemikhathi. I-SANSA ihlinzeke ngamathuluzi okusekela inqubomgomo kaHulumeni ukweluleka mayelana nenqubomgomo entsha okumele ilandelwe kanye nemikhuba yezobuchwepheshe kwezomhlaba. Ama-SME omkhakha wemikhathi wendawo athole usekelo olukhulu ngokusebenzisa uHlelo Lwezobunjiniyela Lwenhlangano Yezomkhathi.

I-SANSA iyaziqhenya ukumemezela ukuphothulwa ngempumelelayo kwe-ZACube-2 yi-CPUT. Lolu hlelo lwe-Cubesat luyimpokophelelo yokuqala ekuhlelweni kwe-cubesats ezosetshenziswa oHlelweni lwe-Operation Phakisa.

Umsebenzi we-EO-Sat1 usalokhu usikhathaza oHlelweni Lukazwelonke Lwezomkhathi ngenxa yokushoda kwezimali. Omunye umkhiqizo obalulekile ophazamiseke kakhulu wukuswelakala kwezimali yi-*annual national Mosiac.*

Naphezu kokuswelakala kwezinto ezithile, abasebenzi kanye naBaphathi be-SANSA baqhubekele phambili nokwenza umsebenzi omuhle ekusebenzeleni kwabo ukufeza izinhloso zeNhlangano futhi ngidlulisa ukubonga ngalokho.

Bayaqhubeka nokwenza umthelela ezimpilweni zabantu ngokusebenzisa isayensi nezobuchwepheshe bomkhathi, ngaphandle kokuzigqamisa kodwa ngokuphendula ngomsebenzi abawenzayo ukuthi kumele bazame kakhudlwana futhi bathsale emphakathini.

Ngidlulisa ukubonga kwami ebhodini le-SANSA ngokusihola kanye nosizo lwabo kulo nyaka wezimali futhi ngifisa ukubonga Amalungu eBhodi aqeda isikhathi sawo ne-SANSA kulo nyaka ngokuzibophezela nokuzinikela kwabo ngesikhathi sokuphatha kwabo.

Ngonyaka wezimali olandelayo i-SANSA izoqhubeka nokusebenzela ukubeka iNingizimu Afrika phakathi kwabadlalindima abaphambili kwezomkhathi futhi ibe nomthelela kusayensi, ezobuchwepheshe bomkhathi kanye nokusungula ezimpilweni zabahlali ezwenikazi lonke.



______________________

**Dkt Valanathan Munsami**

UMphathi Omkhulu

# NEZIMOMPILO



UBUQOTHO



INHLONIPHO



UKUTHUTHUKA

## IZINJONGO EZIBALULEKILE

I-SANSA inezinjongo eziyisikhombisa ezibalulekile zokufeza igunya layo. Izinjongo zokuqala ezinhlanu ezibheke ngaphandle kwesikhungo, ezigxile ezindaweni eziphambili zangokohlelo lwe-SANSA futhi zigxilwe kuzwelonke kwezomkhathi zaseNingizimu Afrika. Lezi zinjongo zibonisa izinhlosongqangi ze-SANSA ukuhola, ukuqondisa nokuhola izinhlelo ngokubambisana nokusetshenziswana nabo kuzwelonke ukufeza igunya lomthetho le-SANSA kanye nokufeza okubaluleke kakhulu okubalulekile kuzwelonke ngokuhambisana neQhinga Likazwelonke Lezomkhathi (i-NSS) kanye noHlelo Lukazwelonke Lwezomkhathi (NSP). Izinhloso ezimbili ezisele zigxilwe ngaphakathi kusikhungo futhi zifuna ukuqinisekisa ukukhula okuqhubekayo kwe-SANSA, ngenkathi zisebenzela ukwenza Isikhungo sisebenze ngokwezinga eliseqophelweni eliphezulu.

### INJONGO EBALULEKILE YO-1: UKUXAZULULA IZINSELELE ZENINGIZIMU AFRIKA NGOKUSEBENZISA IZINSIZAKALO NEMIKHIQIZO YESIKHUNGO

Umkhathi udlala indima ebalulekile ekuhlinzekeni izinhlelo zokusebenza noma izixazululo ezizoxazulula izinselele zezwe futhi zihlinzeke amathuluzi okusekela izinqumo zikahulumeni.

### INJONGO EBALULEKILE YE-2: UHUHOLA UKUBAMBISANA OKUNOMTHELELA OMKHULU KWE-R&D KUZWELONKE

I-SANSA ikholelwa ngokuqinile ekubalulekeni kwesayensi - isayensi eyisisekelo kanye nesetshenzisiwe yenza ulwazi olusha oluholela kubuchwepheshe obusha kanye nokusungula okunomthelela ngqo emnothweni nasemphakathini. Futhi yandisa ulwazi nokuqonda umhlaba wethu, ukusimama kwawo kanye nathi.

### INJONGO EBALULEKILE YE- 3: UKUTHUTHUKISA AMAKHONO ABASEBENZI KAZWELONKE KANYE NOKUQINISEKISA IZINGUQUKO

Ukuze i-NSP ikwazi ukusebenza futhi ihlinzeke izinhloso zayo kunesidingo sokuthuthukisa intsisekelo ku-STEM (isayensi, ubuchwepheshe, ubunjiniyela, izibalo) kanye nokuthuthukiswa kwamakhono angavamile nokudluliswa ukuze kuhlangabezane nesidingo sikazwelonke.

### INJONGO EBALULEKILE YE- 4: UKUQINISEKISA UKUTHI IMBONI YEZOMKHATHI YASENINGIZIMU AFRIKA IYAKWAZI UKUNCINTISANA NEZINYE

Embonini yezomkhathi yomhlaba wonke ikhula ngokushesha futhi imboni eqhuba ubuchwepheshe obusha kanye lapho izicelo zayo zihamba ngaphezu kweminye imikhakha ohlelweni lokufakwa kwezicelo ngaphezu kweminye imikhakha efana nezemithi, ezemikhiqizo, ukuphepha, ezamandla, ukubala okumbalwa.

**INJONGO EBALULEKILE YE- 5: UKUTHUTHUKISA UBUDLELWANO BOMHLABA**

Iseyensi yezasemkhathini kanye nobuchwepheshe, ngokwemvelo yayo, kungenziwa ngokuphumelelayo kuphela njengengxenye yobambiswano bomhlaba wonke. INingizimu Afrika, ngokusebenzisa i-SANSA, ibeka isikhundla sayo njengomlingani weqhinga lezwekazi lase-Afrika, amazwe e-BRICS, amanye amabhuloki asezindaweni zasemaphandleni kanye nesifunda, kanye nabanye abadlali bomhlaba.

**INJONGO EBALULEKILE YE- 6: UKUQINISEKISA UKUKHULA KANYE NOKUSIMAMA KWESANSA**

Ukuze ukwazi ukujwayela ngokushesha ushintsho olusheshayo lwezimakethe zasemkhathini, kanye nokuhlangabezana nezidingo zomphakathi nezomnotho ezenzeka njalo ezweni, kubalulekile ukuthi i-SANSA ikhule futhi ivikeleke njalo. Ukuze sikwazi ukufeza igunya leSikhungo ngokuphumelelayo nangempumelelo, ukugxila ekuthuthukisweni kwebhizinisi elisha, ukuzibandakanya nokubamba iqhaza emsebenzini kulabo abathintekayo abakhulu, kanye nokuxhumana okuhle nemisebenzi yokhulisa i - NSP, kuyizinyathela zokuqala zokukhanga umphakathi nokuba wazi izithembiso zomkhiqizo, kuphinda kwenyuse izinga lomkhiqizo weSikhungo

**INJONGO EBALULEKILE YE-7: UKUGUQULA I-SANSA IBE YISIKHUNGO ESISEBENZA NGOKUSEQOPHELWENI ELIPHEZULU**

I-SANSA ayikwazi ukufeza izinjongo zayo uma ingasebenzi ngendlela efanele futhi eyimpumelelo futhi lokhu kusho ukuthi ibe yinhlangano eseqophelweni eliphezulu lokusebenza ebonisa ubuholi obuguqulayo, ukuphathwa kwabasebenzi, ukuhlelwa okuhle komsebenzi, ukusebenza ngendlela eyimpumelelo futhi efanele kanye nempumelelo nokusebenza ngendlela kwezobuchwepheshe.

I-SANSA isebenzisa izinjongo zayo eziyisikhombisa ezibalulekile ngokuhlanganisa ngamaqoqo imisebenzi yayo ngokwezinhloso ezinhlanu ezisabalele ezibalulwe ngezansi:

Uhlelo lo-1: Uhlelo Lokuphatha

Uhlelo lwe-2: Uhlelo Lokuhlola Umkhathi

Uhlelo lwe-3: Uhlelo Lwesayensi Yezomkhathi

Uhlelo lwe-4: Uhlelo Lokusebenza Komkhathi

Uhlelo lwe-5: Uhlelo Lwezobunjiniyela bomkhathi

Uhlelo ngalunye lunomthelela ngezindlela ezihlukahlukene kuzinjongo ezibalulekile njengoba kuveziwe kuleli thebula elingezansi.



SANSA I AnnualReport I 2017/18

INhlangano Yezomkhathi YaseNingizimu Afrika (i-SANSA) yasungulwa ngokoMthetho Wenhlangano Yezomkhathi Kazwelonke YaseNingizimu Afrika (uMthetho wa-36 we-2008), njengoba uchitshiyelwe. I-SANSA yiNhlangano Yomphakathi kaSheduli 3A ngokwemigomo yoMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zomphakathi (uNombolo 1 we--1999 njengoba uchitshiyelwe nguMthetho wa-29 we-1999).

## IGUNYA LEZOMTHETHO

Igunya lezomthetho lisekelwe emithethweni emibili ebalulekile, nokuyile elandelayo: (i) Umthetho Wezomkhathi (uMthetho No. 84 ka-1993) kanye (ii) noMthetho weNhlangano Kazwelonke Yezomkhathi YaseNingizimu Afrika (uMthetho No. 36 ka-2008). Owokuqala, uyithuluzi le-dti, usebenza ukulawula/ nenqubomgomo ohlelweni lomkhathi lwaseNingizimu Afrika, kanti owesibili oyithuluzi le-DTI, uhlinzekela ukusungulwa kwe-SANSA njengenhlangano yokusebenza ye-NSP.

# 2. ULWAZI MAYELANA NOKUSEBENZA

## UMBIKO WOMCWANINGIMABHUKU: IZINHLOSO EZINQUNYWE EKUQALENI

Abacwaningimabhuku bangaphandle okwamanje benza izinqubo zokucwaninga ezidingekayo mayelana nolwazi lokusebenza ukuze bahlinzeke isiqiniseko esifanele ngokwesiphetho socwaningomabhuku. Isiphetho socwaningomabhuku mayelana nokusebenza kuqhathaniswa nezinhloso ezibekwe ngaphambili sifakiwe kulo mbiko obhekiswe kubaphathi, namaphutha atholiwe abikwe ngaphansi kwesihloko seZinjongo Ezibekwe Ngaphambilini kusigaba soMbiko Weminye Imibandela Yomthetho zombiko womcwaningi mabhuku.

## UKUHLAZIYWA KWESIMO

Igunya le-SANSA livela kuMthetho we-SANSA wa-36 we-2008. Omunye wemisebenzi wayo osemqoka ukukhuthaza ukusetshenziswa ngokuthula komkhathi, ukusekela ukuthuthukiswa kwezimboni, amaxhama ezocwaningo, okuphambili kwabasebenzi kanye nokukhulisa nokuqinisa ukusebenzisana kwamazwe ngamazwe. Ukuze i-SANSA ikwazi ukufaka isandla ekulethweni kwezinsizakalo, izinhloso zayo ezingaphezulu kwama-80% kumele zifezwe. I-SANSA ifeze ama-85% ezinhloso zayo futhi ama-15% ezinhloso ezibekiwe zonyaka wezimali we-2017/18 azifezwanga.

Enye yezinto ezivelele kulo nyaka kwaba yisibalo esikhulu sabafundi kanye nabafundi abaqeqeshelwa umsebenzi abasekelwe yi-SANSA. Abafundi abangaphezu kwa-75 abathole ukusekelwa yi-SANSA kulo nyaka wezimali odlule. Inani labafundi okufinyeleleke kubo ngesikhathi semikhankaso yokuqwashisa ngomkhathi nalo lidluliwe. I-SANSA ikwazile ukuhlinzeka amathuluzi osekelo enqubomgomo kaHulumeni okuhloswe ngawo ukweluleka uhulumeni ngenqubomgomo entsha okumele ayilandele nemikhuba yezobuchwepheshe emhlabeni jikelele. Kulo nyaka i-SANSA ithuthukise ukuncintisana komkhakha womkhathi wangaphakathi kuleli ngokusekelwa kwama-SME okwandisiwe.

Ukukwazi kwe-SANSA ukuba ikhone ikuletha lokhu okulindeleke kuyo ngokuphelele kuphazamiswe ukungeneli noma ukuntuleka kwezimali. Umsebenzi we-EO-Sat1 udinga imali eyengeziwe ephuthumayo ukuqedela iphrojekthi ukuba ifinyelele esitejini se-Flight Model. I-Mosiac yesizwe eyisibophezelo sonyaka se-SANSA idinga uxhaso lwezimali ukuze ikwazi ukunikeza ulwazi oludingekalayo. Uxhaso lwezimali luyadingeka ukuze kuhlonishwe ama-MoUs angenele kanye nezinye izikhungo zasemkhathini noma ungenele ngokusebenzisana kwamazwe ngamazwe. I-SANSA isibazisisile abanasheya mayelana nenkinga yokuxhaswa ngezimali futhi izingxoxo sezisezingeni elithe thuthu noMgcinimafa kaZwelonke kanye ne-DST ukunquma ukungenelela okudingekayo ukubhekana nesimo sezimali zeNhlangano.

Inani lemisebenzi eqondile lithuthukile ngenxa yemisebenzi esekelwe ngaphansi kokubili i-EO-Sat1 kanye nohlelo lwe-Cubesat. I-SANSA iyazigqaja ngokumemezela ukuqedwa ngempumelelo kwe-ZACube-2 eyenziwe yi-CPUT. Uhlelo lwe-Cubesat luyisithunywa esandulela isikhombimsebenzisi se-constellation ye-cubesats okufanele isetshenziselwe uhlelo lwe-Operation Phakisa. I-ZACube-2 izolandelela imikhumbi olwandle lwethu ngokusebenzisa uhlelo oluzenzekelayo lokwazisa (AIS) nokuqapha imililo ye-veldt isebenzisa inzwa ye-K-line.

**INDAWO YESIKHUNGO**

I-SANSA iqale uhlelo olusha olusuka ekuthuthukisweni koHlaka Lokuthuthukiswa kwaMasu. Loluhlaka lokuhlela Ukuthuthukiswa kwaMasu Loluhlaka oluhlelekile lungumbono omusha wenhlangano ehlose ukubeka kabusha i-SANSA njengenhlangano ephezulu yokusebenza ngokugxila okuqhubekayo

kuleli zwekazi lase-Afrika. Ukuthuthukiswa koHlaka oluHlelo olusha lulandelwa ukulungiswa kwezinhloso zenhlangano ukukhombisa isiqondiso. Izinguquko esiqondisweni sezinhlelo zenhlangano ziholela ekunciphiseni izinjongo ezibalulekile kusuka imigomo eyisikhombisa kuya emihlanu yenhlangano. Lezi zinguquko zizokwenziwa ngohlelo lwe-SANSA, oluzogcwaliswa kwikota yesibili yonyaka wezimali we-2018/19

Njengengxenye yale nqubo, i-SANSA ixoxisane nabasebenzi ohlelweni lokuhlelwa kabusha kwemisebenzi. Lolu hlelo lwe-HR luhlose ukuphucula ukusebenza kahle kwenhlangano ngokuqinisekisa ukuthi abasebenzi baphatha ushintsho futhi basesimweni esifanele ukwenza imisebenzi yabo. Uhlelo lokuhlelwa kabusha kwemisebenzi lusaqhubeka futhi luzophothulwa ngonyaka olandelayo wezezimali. Abaphathi babamba imihlangano yokuhlinzeka ulwazi nabasebenzi abathintekayo ukuqinisekisa ukuthi uhlelo lokuhlelwa kabusha komsebenzi luhamba kahle.

## UKUTHUTHUKISWA KWEZINQUBOMGOMO EZIBALULEKILE KANYE NEZINGUQUKO ZOMTHETHO

Azange kube nashintsho esimweni senqubomgomo noma umthetho wokuphatha wesikhungo. Zonke ezinye izinkombandlela zikaMgcinimafa kaZwelonke kanye/noma inqubomgomo entsha ezithinta ukulawulwa kwezimali nezakhiwo zokuphendula inhlangano zibhekiswe ngaphansi kweNgxenye E: Ulwazi lwezezimali kulo mbiko wonyaka.

## IZINJONGO EZIBHEKISWE KWIMIPHUMELA ETHILE

Lesi sigaba sibhekiswe ngaphansi kohlelo ngalunye

Ngonyaka wezezimali ka-2017/18, i-SANSA yayinama-KPIs angama-20 futhi lokhu kuchazwe ngokumelene nemigomo ebalulekile eyisikhombisa

## INJONGO YO-1: IMIKHIQIZO NEZINSIZAKALO

1. Imikhiqizo nezinsizakalo ezinhlanu zomkhathi ezinomthelela omkhulu:
   - Uhlelo lwePhakisa,
   - I-National SPOT Mosaic,
   - Imephu esemkhathini eveza Izitshalo,
   - Incwadi Yesimosezulu Yasemkhathini, kanye
   - I-Magnetic Technology Services.
2. Izinqumo ezintathu noma amathuluzi okweseka inqubomgomo:
   - Ubukhulu kanye nezmpilo zemboni yomkhathi yase Ningizimu Afrika kanye nokukhula okuhlongozwayo,
   - Ukubukelwa komhlaba kanye nokudla okwanele, kanye
   - Izinhlelo zezokuphepha nokuvikeleka ezivela endaweni ehlanzekile.

## INJONGO YE-2: I-R&d ENOMTHELELA OMKHULU

3. Isibalo sokuphumelela kocwaningo esi-1200:
   - Ukubekelwa komhlaba 240, kanye
   - Nesayensi yezomkhathi 960.

Ukubumbeka kwenani lomkhiqizo wocwaningo:

a. Okushicilelwe (amaphepha, izincwadi, izahluko ezincwadini, izingxoxo zemihlangano, imibiko yobucwepheshe);

b. Ukuxhaswa kocwaningo;

c. Abafundi abathole iziqu (MSc ne PhD); kanye

d. Nokukeliswa kocwaningo.

## INJONGO YE-3: IGUQUKO NOKUQEQESHWA KWABASEBENZI

4. Intsha enga-12000 okuxoxiswane nayo ngokusebenzisa ukuqwashisa ngesayensi.

5. Abafundi aba-75 abasekelwe kuqeqesho oluhlelekile, kanti abafundi aba-60 basezikhungweni zemfundo ezazincishwe amathuba ngaphambilini (ama-PID):

- Ama-80% abafundi bama-PDI, kanye
- Nemikhakha yesayensi, ezobunjiniyela kanye nobuchwepheshe. **INJONGO YE-4: UKUKHULISA IMBONI YEZOMKHATHI**

6. Izinga lokuqashelwa ngempumelelo kwe-satellite eli-98% (ukudlula oku-4500).
7. Imali eyi-R44m ezuzwe ngemisebenzi yezomkhathi.
8. Amaphesenti amahlanu (R2.2m) email eyenziwe itshalwe kwezinye izinhlelo ze-SANSA.
9. Imisebenzi enga-55 esekelwe ngqo.
10. Ukubuyekezwa kokuklanywa kokuqala kwe-EO-Sat 1.
11. Amali enga-R65m echithwe kuzinkontileka zemboni yomkhathi yendawo kanye namaphrojekthi abalulekile omkhathi.
12. Izi-R14.2m zemali ezochithwa kuzinkontileka zamabhizinisi amancane kuya kwaphakathi endawo. **INJONGO YE-5: UKUBAMBISANA KOMHLAA**
13. Ukubambisana komhlaba kungenisa imali elinganiswela kuma-3% email okungeyona eyokuhweba ye-SANSA:

- Ama-MoU ayi-14 nezinhlangano ezingaphandle kwe-Afrika,
- Ama-MoU ayi-6 nezinhlangano ezise-Afrika kanye
- Nama-MoU- ayi-7 nezikhungo zemfundo zaseNingizimu Afrika.

**INJONGO YE-6: UKUKHULA NOKUZINZA**

14. I-R251m yemali engenayo engabekelwe okuthile.
15. Umthelela ohlawumbiselwa ngokwemali usamisiwe kusalindwe okunye ukuhlaziywa kwendlela esetshenzisiwe.
16. Ama-70% okuqwashiswa kokusetshenziswana nabo.
17. Ama-50% oHlelo Lukazwelonke Lomkhathi (i-NSP) eqalisiwe.

**INJONGA YE-7: INHLANGANO ESEBENZA NGOKWEZINGA ELIPHEZULU**

18. Izinhlelo ezine eziqaliwe ezizokwenza ngcono ukusebenza kwesikhungo.
19. Ama-65% abasebenzi abaqashwe ngokugcwele bamaqembu athile ahlonziwe abakumazinga D kuya ku-F.
20. Iphesenti elilodwa (R400k) lemali yokusebenza etshalwe oqeqeshweni nasentuthukweni.


SANSA I AnnualReport I 2017/18

# 3. IBHODI, IZINHLAKA ZOKUPHATHA KANYE NOKUBUSA

I-SANSA isungulwe ngokoMthetho we-SANSA (uMthetho wama-36 ka-2008, njengoba uchitshiyelwe), futhi uyingxenye yephothifoliyo yezinhlangano ezibika kwi-DST. INhlangano ilawulwa uMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zomphakathi (i-PFMA, Umthetho wo-1 ka-1999) kanye neMithethonqubo yoMnyango Kazwelonke Wezezimali, futhi iyinhlangano yeHlelo 3A. I-SANSA iphinde isebenzela ukuhambisana namazinga aphakeme kakhulu okubusa kanye nokusebenza kahle futhi ngonyaka odlule ophele mhlaka-31 Ndasa 2018 yamukele imigomo ye-King Report on Governance (King IV Report) lapho kungenzeka khona.

## IBHODI

IBhodi yilo Elinegunya Eliphezulu ngokwemigomo ye-PFMA futhi libika kuNgqongqoshe Wezesayensi Nezobuchwepheshe. Ibhodi linesibopho sokuhlinzeka i-SANSA ngolawulo kanye nobuholi bokuqinisekisa ukuthi Inhlangano isebenza ngemigomo efanele yokuphatha izinkampani. Indima nemithwalo yeBhodi inqunywe yi-PFMA, uMthetho we-SANSA kanye noMqulu weBhodi.

Imithwalo yeBhodi imiswe ngokuyisisekelo nguMthetho we-SANSA kanye ne-PFMA. Ngokusho kwamandla ayo omthetho, ikakhulukazi njengoba kushiwo eSigabeni 9 soMthetho we-SANSA, umsebenzi nomthwalo omkhulu weBhodi ukufaka ukubaluleka kwe-SANSA ngokwenza lokhu okulandelayo:

- Ukwenza noma yikuphi umsebenzi elithweswe wona ngokuhambisana nomgomo okhishwe nguNgqongqoshe kanye noMthetho we-SANSA;
- Ukuqapha imisebenzi yeNhlangano;
- Ukuqapha imisebenzi ephambili yocwaningo kanye nezinhlelo zeNhlangano;
- Ukwenza iqhinga leNhlangano lisebenze ekwenzeni imisebenzi yayo;
- Ukwazisa uNgqongqoshe ngokushesha noma ngayini etholakele engavimbela iNhlangano ukuthi ifeze izinjongo zayo; kanye
- Ukusungula noma ukuhlakaza izinhlaka zeSikhungo, njengoba kufanele, emva kokubonisana noNgqongqoshe.

**UMQULU WEBHODI**

UMqulu uveza yonke eminye imisebenzi yeBhodi njengelandelayo:

- Ukuhlinzeka ubuholi obakhelwe ekuziphatheni kahle kanye nokuqinisekisa ukuthi Inhlangano ibonakala njengesikhungo esikahle;
- Ukusebenza njengabaphathi bokubuswa kwesikhungo;
- Ukubeka lapho kubheke khona i-SANSA, amaqhinga kanye nezinjongo zezimali kanye nokuqinisekisa ukuthi kunezinsiza ezanele zokuthi Inhlangano ikwazi ukufeza izinjongo zayo;
- Ukuhlonza kanye nokuqapha ngokuqhubekayo izindawo ze-SANSA eziwubungozi kanye nezinkomba zokusebenza;
- Ukuqinisekisa ukuthi i-SANSA ineKomidi Locwaningomabhuku elisebenza ngempumelelo futhi Elizimele;
- Ukuqinisekisa ukuthi i-SANSA ithobela imithetho, nemithethonkambiso efanele, kanye nemigomo emihle yokuqhuba ibhizinisi;
- Ukuhola iqhinga kanye nokwamukela kwezindlela zokusebenza ezinhle ekukhishweni kanye nasekusetshenzisweni kwezinhlelo nezinqubo ze-ICT;

- Ukuphatha ngendlela ubudlelwano nokusetshenziswana nabo kanye nokuqinisekisa ukuthi ukusebenza kweNhlangano kuphathwa futhi kukalwe ngenhloso yokuthuthukisa udumo lwe-SANSA;
- Ukucubungula izinyathelo zokutakula inhlangano kanye nezinye izindlela zokuyiguqula ngokushesha uma Inhlangano ingena ezinkingeni zezimali njengoba kubeka uMthetho Wokuphathwa Kwezinkampani (uMthetho wa-71 we-2008);
- Ukuqinisekisa ukuthi ukusebenza kwabaphathi abakhulu kuhlala kuhlolwa futhi kuqashwa; kanye
- Nokusekela izinhlelo noma amaphrojekthi okucwaninga ngesayensi yezomkhathi.

## UKUBUMBEKA KWEBHODI

UNgqongqoshe Wezesayensi Nezobuchwepheshe ubheka ukuxubeka kwamakhono neziqu uma ecubungula abafanele ukuba baqokelwe eBhodini.

Kusukela nggomhla ka-31 Ndasa 2017, iBhodi lisungulwe nguSihlalo ongeyona ingxenye yabaphathi, Amalungu ayi-15 angeyona ingxenye yabaphathi kanye ne-CEO alinguSihlalo ongekho obala, Amalungu angama-15 angewona oMkhandlu kanye ne-CEO ngokwesikhundla sakhe, njengoba kuboniswe kuthebula elingezansi. IBhodi lasizwa ekufezeni imisebenzi yalo ngamakomidi alandelayo:

- Ikomidi Elibhekelele Ucwaningomabhuku Nobungozi;
- Ikomid Leqhinga Notshalomali; kanye
- NeKomidi lokuphathwa kwabasebenzi, Umphakathi kanye Nokuziphatha.







**Joy-Marie Lawrence**
Usihlalo Webhodi



**Marius Rezelman**
Usihlalo: Iqhinga Notshalomali



**Matsie Matooane**
Usihlalo: HR, Umphakathi Nokuziphatha



**Mbali Mfeka**
Usihlalo:Ucwaningomabhuku Nobungozi

## AMALUNGU EBHODI LE-SANSA KUNYAKA WEZIMALI WE-2017/18

*Residual Risk Exposure*

## UMBIKO WEKOMIDI LOCWANINGOMABHUKU

Ikomidi le-Audit and Risk liyajabula ukuletha umbiko walo wonyaka wezimali ophele ngo-31 Mashi 2018.

Ikomidi Elibhekelele Ucwaningomabhuku Nobungozi lunentokozo yokwethula umbiko walo wonyaka wezimali ophele ngomhlaka-31 Ndasa 2018.

Ikomidi Elibhekelele Ucwaningomabhuku Nobungozi libunjwe ngamalunga abhalwe ekhasini XX lalo Mbiko Wonyaka futhi kudingeka lihlangane okungenani izikhathi ezine ngonyaka, njengokweMigomo Yomkhawulo yalo eyamukelwe. Ngesikhathi esibuyekezwayo iKomidi lihlangane izikhathi eziyisikhombisa. Iregista yokuhlangana kwaMalungu Ekomidi idalulwe ekhasini la-87 lalo mbiko wonyaka.

### IMITHWALO YEKOMIDI ELIBHEKELELE UCWANINGOMABHUKU NOBUNGOZI

IKomidi lamukele imigomo yemikhawulo efanelekile kuMqulu weKomidi Elibhekelele Ucwaningomabhuku Nobungozi, ehambisana nezidingo zeSigaba 51 (1) (a) se-PFMA (1999) kanye nemithwalo yalo ebekwe kuMthethonqubo Yezimali 3.1.13 no-27.1. Ikomidi lilawule izindaba zalo ngokuhambisana noMqulu futhe lenza imisebenzi yalo equkethwe kuwo.

### UKUSEBENZA KAHLE KWEZINHLELO ZOKULAWULA ZANGAPHAKATHI

Ukubuyekeza kwethu kwemiphumela yomsebenzi woCwaningomabhuku Lwangaphakathi, ngokokuhlolwa kobungozi okwenziwe, kuveza ubuthakathaka obuthile, obudalulwe kunhlangano kahulumeni.

IKomidi yanelisekile ukuthi uhlelo olwanele lokulawulwa kwangaphakathi lusetshenziselwa ukunciphisa ubungozi bube sezingeni elamukelekile nokuthi lezi zinhlelo zokulawula zazisebenza kahle kulo nyaka obuyekezwayozilawuli. Ucwaningomabhuku Lwangaphakathi luhlinzeke Ikomidi Elibhekelele Ucwaningomabhuku Nobungozi ngesiqiniseko ukuthi izinhlelo zokulawula zangaphakathi zifanele futhi zisebenza ngempumelelo.

### UKUPHATHWA KOBUNGOZI

Ikomidi Elibhekelele Ucwaningomabhuku Nobungozi belihlala lazi ngezakamumva ngemihlangano ehleliwe ngokuhambisana noHlelo lonyaka lweBhodi. Ukuhlolwa kobungozi kuqhutshwa minyaka yonke emazingeni abalulekile kanye nawokusebenza futhi kwenziwe kuhambisane nenqubo ebalulekile yokuhlela yeNhlangano. Ubungozi buyaqhoshwa futhi bufakwe kurejista yobungozi futhi kuqashwe ngokuqhubekayo njengoba kubekiwe emaqhingeni okunciphisa ubungozi

IKomidi lanelisekile ngenqubo yokulawulwa kobungozi eqhubekayo lokuhlonza, ukuhlola, ukulawula nokuqapha kokubili ubungozi bezamasu kanye nokusebenza ngaphakathi enhlanganweni.

### UCWANINGOMABHUKU LWANGAPHAKATHI

Ikomidi liqapha futhi lihlole imisebenzi yoPhiko Locwaningomabhuku Lwangaphakathi. Umphathi Wocwaningomabhuku Lwangaphakathi Ubika ngqo kuSihlalo weKomidi Elibhekelele Ucwaningomabhuku Nobungozi futhi ngokomsebenzi kuMphathi Omkhulu. IYunithi yocwaningomabhuku lwangaphakathi ye-SANSA yamukele indlela yabacwaningi ababili lapho inhlangano isebenzisa khona umhlinzeki wezinsizakalo zocwaningomabhuku wangaphakathi kanye nomcwaningimabhuku wangaphakathi kusikhungo ukuhlangabezana negunya kanye nemisebenzi yeyunithi.

Uhlelo Lwangaphakathi Lokucwaningwa Kwamabhuku kanye noMqulu Wophiko Lokuhlolwa Kwamabhuku Kwangaphakathi lubuyekezwa futhi lwamukelwe yiKomidi njalo ngonyaka. Imisebenzi yoPhiko Locwaningomabhuku Lwangaphakathi yaphothulwa ngempumelelo ngesikhathi sezimali.

UPhiko Lokucwaningwa Kwamabhuku Lwangaphakathi luhlinzeke isiqiniseko sokuthi i-SANSA isebenza ngendlela eyamukelekile ngokwenza le misebenzi elandelayo:

- ngokungachemi ukuqinisekisa ukusebenza kahle kokuphathwa kobungozi kanye nohlaka lwangaphakathi lokulawula;
- ukuhlaziya kanye nokuhlola izinhlelo zebhizinisi kaye nezokulawula ezihambisana nazo; kanye


SANSA I AnnualReport I 2017/18

- nokubika imiphumela yocwaningomabhuku kanye neziphakamiso kubaphathi nakuKomidi Elibhekelele Ucwaningomabhuku Nobungozi.

**UKUBIKA KWABAPHATHI KONYAKA NOKWESIGAMU**

I-SANSA ithumele imibiko yesigamu sonyaka Egunyeni Eliphezulu njengoba kudingeka. Ikomidi libuyekeze le mibiko futhi yanelisekile ukuthi iBhodi kanye neGunya Eliphezulu lazisiwe ngemisebenzi yenkampani kanye nenqubekela phambili ngolwazi lokusebenza kwayo kanye nokuphathwa kwezimali

**UKUKWAZI UKUQHUBEKA NOKUSEBENZA**

Ikomidi libuyekeze ukuhlolwa kwaBaphathi kwesimo se-SANSA futhi leze iziphakamiso eBhodini ukuthi i-SANSA iyakwazi ukuqhubeka nokusebenza.

**IZIPHAKAMISO ZEZITATIMENDE ZEMALI ZONYAKA**

Ngokwezitatimende Zonyaka Zezezimali ze-SANSA, iKomidi:

- Libuyekeze futhi ladingida Izitatimende Zonyaka Zezimali Ezicwaningiwe, ukuba zifakwe eMbikweni Wonyaka, nabacwaningimabhuku abangaphandle.
- Libuyekze incwadi yabaphathi beSikhungo kanye nempendulo yabaphathi kuyo.
- Libuyekeze ulwazi ngezinhloso ezinqunyiwe ezizofakwa kumbiko wonyaka.
- Licubungule ukusebenza komcabango wokukwazi kwesikhungo ukuqhubeka sisebenze.
- Libuyekeze ukuthobela kweNhlangano izimiso zomthetho nezokulawula.

- Libuyekeze izinguquko ezinkulu ezivele ngenxa yocwaningomabhuku.

Ikomidi liyavumelana futhi liyawumukela umbiko woMcwaningimabhuku Wangaphandle ofakwe kuZitatimende Zezimali Zonyaka we-2017/18.

**UMBIKO WOMCWANINGIMABHUKU**

Ikomidi Elibhekelele Ucwaningomabhuku Nobungozi livumelana futhi liyasamukela isiphetho soMcwaningimabhuku Wangaphandle ngeZitatimende Zezezimali Zonyaka futhi libona ukuthi Izitatimende Zonyaka Zezimali zamukelwe futhi zifundwe ndawonye nombiko womcwaningimabhuku.

__________________

**Nkz Mbali Mfeka**

Usihlalo

Ikomidi Elibhekelele Ucwaningomabhuku Nobungozi

# 4. EZOKUPHATHWA KWABASEBENZI

## ISINGENISO

I-SANSA iYAKUbona umsebenzi obaluleke kakhulu wabantu abenza inhlangano iphumelele. Ukufezeka kwezinhloso nezinjongo ze-SANSA akunakwenzeka ngaphandle komsebenzi onzima, ukuzinikezela nokuzibophezela kwethimba le-SANSA.

Uhlelo lokuphathwa kwabasebenzi ngesikhathi sokubika lwenzwa lwahambisana nezidingo zebhizinisi le-SANSA. Lesi sigaba sombiko wonyaka sibonisa ukusebenza kuqhathaniswa nezinto eziseqhulwini ezibalulekile ngonyaka odlule.

Abantu abanamakhono abayingxenye ye-SANSA. Izibalo ezibalulekile ziphinda zihlinzekwe.

**IZIBALO ZEZOKUPHATHWA KWABASEBENZI NGAMAFUPHI**



Umbiko weZibalo Zezabasebenzi zikhombisa ulwazi mayelana nabo bonke abasebenzi be-SANSA. Ulwazi luthulwa ngegrafu ukuze kube nenkomba elula.

## IZINTO EZISEQHULWINI NEZIMPUMELELO EZISEMQOKA

- Ukusebenza ngempumelelo:
- Ukuphathwa Kwabantu Ngendlela:
- Ukuphathwa Kokusebenza:
- Amakhono Okuxhumana:
- Amakhono Okuphathwa Kwengxabano: kanye
- Ukuqondisa nokuqeqesha

Abasebenzi be-SANSA kukhona abasebenzi abakhubazekile, abaqashwe ngokugcwele nabaqashwe ngokwesikhashana.

Ngonyaka wezimali ka-2017/18 inani lonke labasebenzi be-SANSA beliyi-183. Lesi sibalo esingezansi sibonisa

iphrofayili yokulingana kwemisebenzi ka-63% yabantu abamnyama base-Afrika; ama-9% Amakhaladi; ama-6% Amandiya nama-22% Abamhlophe.

Iphrofayli ye-SANSA yokulingana emsebenzini ngokobuhlanga nobulili, ivezaa abesilisa abamnyama abanga-68 nabesifazane abanga-48; abesilisa ayisishiyagalombili abangaMakhaladi nabesifazane abayisishiyagalombili; abesilisa abayisishiyagalombili Abangamandiya nabesifazane ababili kanye nabangu-27 abesilisa Abamhlophe nabesifazane abangu-14. Kube nokuthuthuka okuncane uma kuqhathaniswa nonyaka wezezimali ka-2016/17 lapho obekunabesifazane abangu-70 kubasebenzi, kunabesifazane abangu-72 ngo-2017/18 nabangu-111 abesilisa. Ukuswelakala kwemali kuletha inselele enkulu ekusebenziseni izinhlelo ze-SANSA zokuphatha amathalente kanye nenqubo yokuHlela Kabusha Inhlangano eholele ekutheni ezinye zezinhlelo zethalente zimiswe kancane.

Abasebenzi baboniswe ngokobuhlanga, ubulili kanye nesigaba somsebenzi. Kubasebenzi besigaba zobunjiniyela sinabesilisa abane base-Afrika nabesifazane ababili; owesilisa oyedwa weKhaladi; abesilisa abahlanu Abamhlophe kanye nowesifazane oyedwa. Kubuholi/Abaphathi abaphezulu kunabesifazane ababili Abamnyama; abesilisa ababili baseNdiya; owesilisa oyedwa oMhlophe kanye noyedwa owesifazane oMhlophe. Esigabeni Sesayensi/Socwaningo, i-SANSA iqashe abesilisa aba-11 nabesifazane abayisikhombisa Abamnyama; ababili abesilisa baseNdiya kanye nabelungu besilisa abane. Kumsebenzi wokusekela\wokuphatha yilapho khona kubasebenzi abaningi lapho kukhona khona abesilisa abamnyama aba-22 nabesifazane abangama-28; abesilisa abangamakhaladi abahlanu nabesifazane abayisikhombisa; owesilisa oyedwa waseNdiya nabesifazane ababili; abesilisa abahlanu Abamhlophe kanye nabesifazane abayishumi. Okokugcina isigaba sezobuchwepheshe sinabesilisa abamnyama aba-31 nabesifazane aba-9; Abesilisa ababili abangamakhaladi kanye noyedwa wesifazane; abesilisa abahlanu baseNdiya kanye naBamhlophe aba-12 kanye nabesifazane ababili abamhlophe.

Ithebula elingezansi likhombisa ukuthi kunabasebenzi aba-159 abaqashwe ngokugcwele kanye nabasebenzi abangu-24 abaqashwe okwesikhashana kubandakanya ababili abaphila nokukhubazeka.

I-SANSA iyaqaphela ukuthi kunesidingo sokugxila ekuqashweni kwabesifazane kunhlangano ikakhulukazi kwizigaba zomsebenzi weSayensi, Ubunjiniyela kanye nobuchwepheshe. Izinyathelo ezifanele zizothathwa ngonyaka wezimali ozayo ukuze kubhekwane nalezi zinselele. I-SANSA izinikele ekufeza ukulingana ngokobulili kuwo wonke amazinga ngo-2020 nokuqinisekisa ukuthi ukubhekwa ngokobulili kuyingxenye yezinhlelo namaphrojekthi.

# 5. UMBIKO WOMCWANINGIMABHUKU OTHULWE EPHALAMENDE NGENHLANGANO KAZWELONKE YEZOMKHATHI YASENINGIZIMU AFRIKA

## UMBIKO KOCWANINGOMABHUKU LWEZITATIMENDE ZEZEZIMALI

### UMBONO

1. SiCWANINGE izitatimende zezezimali zeNhlangano Kazwelonke Yezomkhathi YaseNingizimu Afrika ezisekhasini le-108 kuya ku-166, okubandakanya isitatimende sokuma kwezezimali ngo-31 Ndasa 2018, isitatimende sokusebenza kwezimali, isitatimende sezinguquko kumpahla yonke kanye nesitatimende sokusebenza kwemali nesitatimende sokuqhathaniswa kwesabelomali kanye nemali yangempela yonyaka ophelile, kanye namanothi ezitatimende zezimali, kufaka izinqubomgomo zokusetshenziswa kwezimali ezifingqiwe.

2. Ngokombono wethu, izitatimende zezezimali zibeka kahle, kuzo zonke izinto ezibonakalayo, isimo sezezimali zeNhlangano Kazwelonke Yezomkhathi YaseNingizimu Afrika ngomhla zi-31 Ndasa 2018, kanye nokusebenza kwezimali zayo kanye nokusebenza kwemali konyaka ophelile ngokuhambisana neSouth African Standards of Generally Recognised Accounting Practice (i-GRAP) kanye nemibandela yoMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zomphakathi waseNingizimu Afrika, we-1999 (uMthetho No. 1 we-1999) (i-PFMA).

### ISISEKELO SOMBONO

3. Siqhube ucwaningomabhuku lwethu ngokuhambisana naMazinga Omhlaba jikelele Okucwaningwa Kwamabhuku (i-ISAs). Umsebenzi wethu ngaphansi kwalwo mazinga iphinde ichazwe emithwalweni yomcwaningimabhuku ezimali kungxenye yokucwaningwa kwamabhuku lwezimali kulesi sitatimende sezezimali salo mbiko womcwaningimabhuku.

4. Sizimele, asikho ngaphansi kwale nhlangano ngokuhambisana nemigomo yokuziphatha yabacwaningimabhuku ababhalisiwe yeBhodi Elilawula Ukuzimela Kwabacwaningimabhuku (imigomo ye-IRBA) kanye neminye imibandela yokuzimela esebenza ekwenzeni umsebenzi wokucwaningwa kwamabhuku ezitatimende zezimali eNingizimu Afrika. Siye safeza ezinye izibopho zethu zokuziphatha ngokuhambisana nemigomo ye-IESBA futhi ngokuhambisana nezinye izidingo zokuziphatha ezisebenza ekucwaningweni kwamabhuku eNingizimu Afrika. Imigomo ye-IRBA ihambisana nemigomo yokuziphatha yabacwaningi bezimali yeBhodi Lamazinga Amazwe Ngamazwe okuziphatha (izingxenye A no-B).

5. Sikholelwa ukuthi ubufakazi bokuhlolwa kwamabhuku esibutholile banele futhi bufanele ukuthi sikwazi ukuhlinzeka isisekelo sombono wethu.

### IMISEBENZI YESIPHATHIMANDLA SEZEZIMALI KUZITATIMENDE ZEZEZIMALI

6. Isiphathimandla sokuphendula ngezimali sinomsebenzi wokulungiswa nokwethulwa ngokulungile kwezitatimende zezimali ngokuhambisana naMazinga aseNingizimu Afrika e-GRAP kanye nemibandela ye-PFMA kanye nokulawula kwangaphakathi njengoba isiphathimandla sokuphendula ngezimali sikubona kufanelekile ukuze kulungiswe izitatimende zezimali ezingavezi okungelona iqiniso mayelana nemali esetshenzisiwe, kungakhathaliseki ukuthi kungenxa yokukhwabanisa noma iphutha.

7. Ekulungiseni izitatimende zezimali, isiphathimandla esiphendula ngokusebenza kwezimali sinesibopho sokuhlola ukukwazi

ukuqhubeka kwesikhungo ukuthi sisebenze, ukudalula, lapho kusebenza khona, izindaba eziphathelene nokukwazi kwenkamani ukufeza izibopho zayo futhi ukusebenzisa ukukwazi ukuqhubeka kwenkampani ukufeza izibophezelo zayo njengesisekelo se-akhawuntingi ngaphandle uma isiphathimandla sokuphendula ngokusetshenziswa kwezimali sihlose ukuhlakaza noma ukuma ukusebenza, noma kungekho okunye angakwenza ngaphandle kokwenza njalo.

**IMITHWALO YOMCWANINGI MABHUKU EKUCWANINGWENI KWEZITATIMENDE ZEZIMALI**

8. Izinhloso zethu ukuthola isiqiniseko esanele mayelana nokuthi ngabe izitatimende zezezimali zizonke azinawo amaphutha abekiwe, kungakhathaliseki ukuthi kungenxa yokukhwabanisa noma iphutha, nokukhipha umbiko womcwaningimabhuku ofaka phakathi umbono wethu. Isiqiniseko esizwakalayo yisilinganiso esiphakeme sokuqinisekisa kodwa akusona isiqinisekiso sokuthi ukucwaningwa kwamabhuku okwenziwe ngokuhambisana nama-ISA kuyohla kuthola okungelona iqiniso ngezimali uma kukhona. kuzothola njalo ukungalungi okubonakalayo lapho kukhona. Ukukhuluma iphutha ngezitatimende zezimali kungenzeka ngenxa yokukhwabanisa noma iphutha futhi kuthathwa njengokubalulekile uma, umuntu noma iqembu, kulindeleke ukuba babe nomthelela kuzinqumo zomnotho zabasebenzisi ezithathwe kusisekelo sezitatimende zezimali.

9. Enye incazelo yemisebenzi yethu yokucwaningwa kwezitatimende zezimali kufakwe kusijobelelo salombiko womcwaningi mabhuku.

## UMBIKO MAYELANA NOMBIKO WOKUSEBENZA KONYAKA

**ISINGENISO KANYE NOMKHAWULO**

10. Ngokuhambisana noMthetho Wokucwaningwa Kwamabhuku Kahulumeni waseNingizimu Afrika, we-2004 (uMthetho wa-25 we-2004) (i-PAA) kanye nesaziso jikelele esikhishwe ngokwalo mthetho, sinomthwalo wokubika amaphutha avele olwazini lokusebenza olubikiwe luqhathaniswa okutholakala emininingwaneni yolwazi olubikiwe mayelana nemigomo ebekiwe ngaphambili izinhlelo ezikhethekile ezithulwe kumbiko wokusebenza wonyaka. Slandele izinqubo zokuhlonza okutholakele kodwa asikwazanga ukuqoqa ubufakazi bokuveza isiqiniseko.

11. Izinqubo zethu zibhekelela ulwazi lokusebenza olubikiwe, okumelwe luthathwe kwimibhalo yesikhungo yokuhlela ukusebenza egunyaziwe yesikhungo. Asizange sihlole ukuphelela nokufaneleka kwezinkomba zokusebenza ezifakwe emibhalweni yokuhlela. Izinqubo zethu azizange zifinyelele kunoma yikuphi ukudalula noma iziphakamiso eziphathelene namasu okusebenza okuhleliwe nolwazi mayelana nezinkathi ezizayo ezingase zifakwe njengengxenye yolwazi lokusebenza olubikiwe. Ngakho-ke, okutholakele embikweni wethu akufaki lezi zindaba.

12. WeSihlolisise ukubaluleka nokuthembeka kolwazi lokusebenza olubikiwe ngokuhambisana nezinqubo ezithuthukiswe kusukela kuhlaka lokuphathwa kokusebenza nohlaka lokubika lokubika, njengoba kuchazwe kusaziso jikelele, zalezi zinhlelo ezikhethekile ezithulwe kumbiko wokusebenza wonyaka wesikhungo wonyaka ophele ngomhla zi-31 Ndasa 2018:

| Programmes | Page |
|---|---|
| INJONGO EBALULEKILE YO-1 Ukuxazulula izinselele zaseNingizimu Afrika ngokusebenzisa izinsizakalo kanye nemikhiqizo yomkhathi | 40 |
| INJONGO EBALULEKILE YE- 4 - Ukuthuthukiswa ukukwazi ukuncintisana kwemboni yomkhathi yaseNingizimu Afrika | 41 |

13. Slandele izinqubo ukunquma ukuthi ngabe ulwazi lokusebenza olubikiwe luthulwe ngendlela efanele nokuthi ngabe ukusebenza kuhambisana nemibhalo yokuhlela ukusebenza eyamukelwe. Silandle ezinye izinqubo ukunquma ukuthi ngabe izinkomba nezinhloso ezihlobene nazo ziyakaleka futhi zifanelekile, futhi sahlola ukwethembeka kolwazi lokusebenza olubikiwe ukuqinisekisa ukuthi lulungile yini, luyilo futhi luphelele.

14. Akukho esikutholile okungalungile mayelana nosizo noma ukwetheka kolwazi lokusebenza olubikiwe lwezinhlelo ezilandelayo:

- INJONGO EBALULEKILE YO-1 Ukuxazulula izinselele zaseNingizimu Afrika ngokusebenzisa izinsizakalo kanye nemikhiqizo yomkhathi
- INJONGO EBALULEKILE YE- 4 - Ukuthuthukiswa ukukwazi ukuncintisana kwemboni yomkhathi yaseNingizimu Afrika

**EZINYE IZINDABA**

Sicelwa kuqashelwe lokhu okulandelayo.

**Ukufezwa kwezinhloso ebezibekiwe**

15. Bheka umbiko wokusebenza wonyaka otholakala emakhasini 40 kuya ku-44 ukuthola ulwazi mayelana nokufezekiswa kwezinhloso ezihleliwe zonyaka kanye nezincazelo ezihlinzekiwe mayelana nokufezwa kancane/ukufezwa ngokweqile kwezinhloso eziningi.

## UMBIKO MAYELANA NOKUCWANINGWA KOKUTHOBELA UMTHETHO

**ISINGENISO KANYE NOMKHAWULO**

16. Ngokuhambisana ne-PAA kanye nesaziso jikelele esikhishwe ngokwemigomo yayo, sinomthwalo wokubika okutholakele mayelana nokuthobela kwesikhungo imithetho ethile mayelana nezindaba ezithile. Silandele izinqubo ukuhlonza okuthile okutholakalayo kodwa hhayi ukuqoqa ubufakazi bokuveza isiqiniseko.

17. Akukho esikutholile okungelona iqiniso mayelana nezindaba ezithiile zenithetho ethile ebekwe kusaziso jikele esikhishwe ngokw-PAA.

### OLUNYE ULWAZI

18. Isiphathimandla esilawulayo yiso esibhekelele olunye ulwazi. Olunye ulwazi luhlanganisa ulwazi olufakwe embikweni wonyaka, olubandakanya imibiko wesiphathimandla esilawulayo kanye nombiko wekomidi lokucwaningwa kwamabhuku. Olunye ulwazi alufaki izitatimende zezimali, umbiko womcwaningi wamabhuku kanye nalezo zinhlelo ezikhethiwe ezithulwe kumbiko wokusebenza wonyaka okubikwe ngazo kulo mbiko womcwaningi wamabhuku.

19. Umbono wethu ngezitatimendeni zezezimali kanye nokutholakele kulwazi lokusebenza olubikiwe kanye nokuthobela umthetho akufaki olunye ulwazi futhi asivezi umbono yokucwaningwa kwamabhuku noma yimuphi uhlobo lwesiqinisekiso ngakho.

20. Ngokuphathelene nokuhlolwa kwamabhuku ethu, umthwalo wethu wukufunda olunye ulwazi futhi, ngokwenza kanjalo, sicabange ukuthi ngabe olunye ulwazi aluhambisani nezitatimende zezimali kanye nezinhlelo ezikhethiwe ezithulwe kumbiko wokusebenza wonyaka, noma ulwazi lwethu olutholakala kucwaningwo lwamabhuku, noma okunye okubonakala sengathi akubekiwe ngendlela eyiqiniso.

21. Asizange sithole olunye ulwazi ngaphambi kosuku lombiko womcwaningimabhuku. Emva kokuthola futhi sifunde lolu lwazi, futhi uma siphetha ngokuthi kukhona okungelona iniso kuwo, kudingeka ukuthi sazise abaphethe ngalokho futhi sicele ukuthi olunye ulwazi lulungiswe. Uma olunye ulwazi lungalungiswa, kungase kudingeke sihoxise lo mbiko womcwaningimabhuku futhi siphinde sishicilele omunye umbiko ochitshiyelwe uma kufanelekile. Nokho, uma umbiko ulungisiwe lokhu ngeke kudingeke.

## UKUSHODA KOKULAWULA KWANGAPHAKATHI

22. Sibheke ukulawula kwangaphakathi okuhlobene nokucwaninga kwethu amabhuku ezitatimende zemali, ulwazi lokusebenza olubikiwe nokuthobela imithetho esebenzayo; Nokho, inhloso yethu bekungekhona ukuveza noma yiyiphi inhlobo yesiqiniseko ngakho. Asizange sibone ukushoda okuphawulekayo ekulawuleni kwangaphakathi.

## EMINYE IMIBIKO

23. Siveza lokhu kuxoxisana okulandelayo okwabanjwa nezingxenye ezihlukahlukene ezinomthelela noma okungenzeka zibe nomthelela kuzitatimende zezezimali zesikhungo sikahulumeni, kulwazi lokusebenza olubikiwe kanye nokuthobela imithetho esebenzayo kanye nezinye izindaba ezihlobene nakho. Imibiko ebonakele eyiyona ingxenye yombiko wethu ngezitatimende zezezimali noma ulwazi lokusebenza olubikiwe noma ukuthobela imithetho.

**Izinsizakalo ezihlobene nocwaningomabhuku kanye nocwaningomabhuku olukhethekile**

24. Inqubo yokuxoxisana okuvunyelwene ngayo yalandelwa mayelana nexhasomali oluvela kubaxhasi olutholwe kuNhlangano Kazwelonke Yezocwaningo (i-NRF) lesikhathi somhla lu-1 Masingana 2017 kuya mhla zi--31 kuZibandlela 2017 futhi yanikezwa abaphathi be Nhlangano Kazwelonke Yezomkhathi YaseNingizimu Afrika ngomhla ka-21 Nhlangulana 2018.

## ISIKHATHI SOMCWANINGIMABHUKU

25. Ngokomthetho we-IRBA oshicilelwe kwiGazethi kaHulumeni ka-39475 yomhlaka 4 Zibandlela 2015, sibika ukuthi uNexia SAB & T ibingumcwaningimabhuku eNhlangano Kazwelonke Yezomkhathi YaseNingizimu Afrika unyaka owodwa.

Incorporating: indyebo
Chairperson: Ms N Medupe
Chief Executive Officer: Mr B Adam
* a full list of directors is available on request
B-BBEE rating: Level 1 Contributor in terms of Generic Scorecard - B-BBEE Codes of Good Practice
Offices in: Bloemfontein, Cape Town, Centurion, Durban, Kimberley, Nelspruit, Polokwane, Port Elizabeth, Rustenburg
SAB&T Chartered Accountants Incorporated is an independent member firm of Nexia International
Company Registration Number: 1997/018869/21 | IRBA Registration Number: 921297

Nexia SAB&T

Nexia SAB&T

Per: Aneel Darmalingam

Umqondisi

Umcwaningimabhuku Obhalisiwe

31 Ntulikazi 2018

Centurion

Nexia SAB&T
accountants | auditors | consultants

## ISIJOBELELO – UMTHWALO WOMCWANGIMABHUKU WOCWANINGOMABHUKU

Njengengxenye yocwaningomabhuku ngokuhambisana nama-ISA, sisebenzisa isahlulelo futhi sivule amehlo ekucwaningeni kwethu amabhuku ezitatimende zezimali konke, futhi izinqubo ezilandelwe ngolwazi lokusebenza olubikiwe ngezinhlelo ezikhethiwe kanye nokuhambisana nomthetho kwesikhungo mayelana nezindaba ezithile.

### IZITATIMENDE ZEZIMALI

Ngaphezu komthwalo wethu wokucwaninga izitatimende zezezimali njengoba kuchazwe kulo mbiko womcwaningimabhuku, siphinda futhi:

- Ukuhlonza nokuhlola ubungozi bokusho okungelona iqiniso kwezitatimende zezimali ngenxa yokukhwabanisa noma iphutha, ukuklama nokulandela izinqubo zokucwaninga amabhuku ezibhekelela lobo bungozi, kanye nokuthola ubufakazi bokucwaninga amabhuku obanele futhi obufanele ukusihlinzeka isisekelo sombono wethu. Ubungozi bokungatholi iphutha ezitatimendeni zemali obudaleke ngenxa yokukwabanisa bukhulu kunalobo obenzeka ngenxa yephutha, njengoba ukukhwabanisa kungahlanganisa umbimbi, ukukhwabanisa, ukushiya ngaphandle ngenhloso, ukusho okungelona iqiniso, noma ukweqiwa kwezinhlelo zangaphakathi zokulawula.

- ukuthola ukuqonda kwezinhlelo zangaphakathi zokulawula ezihambisana nokuhlolwa kwamabhuku ukuze kubhalwe izinqubo zokuhlola amabhuku ezifanelekile ezimweni ezithile, kodwa hhayi ngenhloso yokuveza umbono ngokusebenza ngempumelelo kwezinhlelo zesikhungo zangaphakathi zokulawula.

- ukuhlola ukufaneleka kwemigomo yokucubungula ukusebenza kwezimali ezisetshenzisiwe futhi nokufaneleka kwezilinganiso ze-akhawuntingi kanye nokudalula okufanele okwenziwe isiphathimandla sokuphendula ngezimali.

- Ukuphetha ngokufaneleka kokusetshenziswa kokukwazi ukukhokhela izikweletu kwesikhungo yisiphathimandla sokuphendula ngokusetshenswa kwemali ekulungisweni kwezitatimende zezimali. Siphetha futhi, ngokobufakazi esibutholile, ukuthi ngabe kunongabazane olukhona oluhlobene nezigameko noma izimo ezingabeka ungabazane ukungaqiniseki okubonakalayo kuhlobene yini nezenzakalo noma izimo ezingase zibeke ukungabazane kuNhlangano Kazwelonke Yezomkhathi YaseNingizimu ukuthi ikwazi ukuqhubeka nokusebenza. Uma siphetha ngokuthi kukhona ungabazane olukhona, siding ukuveza lokho kumbiko womcwaningimabhuku mayelana nokudalula okuhlobene kuzitatimende zezezimali mayelana nongabazane olukhona, ukuguqula umbono kuzitatimende zezimali. Iziphetho zethu zisekelwe olwazini olutholakalayo kimi ngosuku lombiko wocwaningomabhuku. Noma kunjalo, izigameko noma izimo zesikhathi esizayo zingabangela ukuthi inhlangano ingakwazi ukuqhubeka nokusebenza.

  Ukuhlola isethulo jikelele, uhlaka kanye nokuqukethwe kuzitatimende zezezimali, kubandakanya ukudalula, kanye nokuthi izitatimende zezezimali ziveza ukusebenza noma izigameko ngendlela efeza ukwethulwa okwamukelekile.

### UKUXHUMANA NALABO ABABUSAYO

Sixhumana nabaphathi bezimali ngokuphathelene, phakathi kwezinye izindaba, umkhawulo ohleliwe kanye nesikhathi sokuhlolwa kwamabhuku kanye nemiphumela yocwaningomabhuku, kufaka phakathi noma yikuphi ubuthaka bezinhlelo zokulawula zangaphakathi esibuhlonzayo ngesikhathi sokuhlolwa kwamabhuku.

Siphinde siyaqinisekisa kusiphathimandla sokuphendula ngezimali ukuthi sihambisane nezidingo ezifanele

zokuziphatha ngokuphathelene nokuzimela futhi sadalula bonke bonke ubudlelwano nezinye izindaba ezingase zicatshangwe ukuthi zithinta ukuzimela kwethu, futhi lapho kufanele khona, izivikelo ezifanele.

Ezindabeni esizazise labo abathweswe ukubusa, sinquma lezo zindaba ezibaluleke kakhulu ekucwaningweni kwezitatimende zezimali zesikhathi samanje futhi ngakho-ke yizindaba ezibalulekile zokucwaningo.

Sichaza lezi zindaba kulo mbiko womcwaningimabhuku ngaphandle uma umthetho noma umthethonqubo ungavumeli ukudalulwa komphakathi ngale ndaba noma lapho, esimweni esingavamile neze, sinquma ukuthi indaba akufanele idalulwe kulo mbiko womcwaningimabhuku ngoba imiphumela emibi yokwenza kanjalo ingalindeleka ukudlula inzuzo yomphakathi yokudalula lokho.

